*Every child should own a hundred books by the age of five. To that end, Book Dash gathers creative professionals who volunteer to create new, African storybooks that anyone can freely translate and distribute. To find out more, and to download beautiful, print-ready books, visit bookdash.org.*

*UFudu uthola ikhaya lakhe*
*(Tortoise finds his home)*
Illustrated by Katrin Coetzer
Written by Maya Fowler
Designed by Damian Gibbs
Translated by Nal'ibali
with the help of the Book Dash participants in Cape Town on 28 June 2014.

ISBN: 978-1-928318-73-6

This work is licensed under a Creative Commons Attribution 4.0 Licence (http://creativecommons.org/licenses/by/4.0/). You are free to share (copy and redistribute the material in any medium or format) and adapt (remix, transform, and build upon the material) this work for any purpose, even commercially. The licensor cannot revoke these freedoms as long as you follow the following license terms:

Attribution: You must give appropriate credit, provide a link to the license, and indicate if changes were made. You may do so in any reasonable manner, but not in any way that suggests the licensor endorses you or your use.
No additional restrictions: You may not apply legal terms or technological measures that legally restrict others from doing anything the license permits.
Notices: You do not have to comply with the license for elements of the material in the public domain or where your use is permitted by an applicable exception or limitation.
No warranties are given. The license may not give you all of the permissions necessary for your intended use. For example, other rights such as publicity, privacy, or moral rights may limit how you use the material.

Ngelinye ilanga uFudu wayezihambela endle. Wayefuna ndawo zonke. Wayesinga kude aphinde anciphise amehlwana otshanini.

Wase edlula uMnenke.





“Ngabe kukhona yini okufunayo?” kubuza uMnenke.

“Yebo, Mnenke, ngifuna indlu yami. Ngabe uke wayibona, kodwa?” kubuza uFudu.

tortoise-finds-his-home_interior.indd 7 2020/09/08 16:24

UMnenke wathi, “Cha, angiyibonanga, kodwa ngizokusiza ukuthi uyifune!”

Wagibela egobolondweni likaFudu. UFudu waqhubeka nendlela noMnenke emhlane wakhe.



Bafuna, bafuna, kodwa yayingabonakali ndawo indlu. Ilanga lase liphezulu esibhakabhakeni.





Emva kwesikhashana bedlula inyoni, uNdlunkulu.

“Ngabe kukhona enikufunayo?” kubuza uNdlunkulu.

“Yebo, Ndlunkulu, ngifuna indlu yami.

Ngabe uke wayibona, kodwa?” kubuza uFudu.

UNdlunkulu wathi, “Cha, angikaze ngiyibone, kodwa ngizonisiza ukuyifuna!”

Wabhula amaphiko akhe washaya wachitha. “Kodwa ushesha kakhulu, uyangishiya,” kukhala uFudu.

UNdlunkulu wabuya. “Kulungile-ke, nami ngizogibela kuwe.”

UFudu waqhubeka nohambo, kuqhwakele uMnenke noNdlunkulu egobolondweni lakhe.





Bafuna, bafuna futhi, kodwa lutho ukubonakala indlu. Ilanga lase lithe ukwehla esibhakabhakeni.

tortoise-finds-his-home_interior.indd 13 2020/09/08 16:24



Emva kwesikhashana bedlula uBhungane. “Ngabe kukhona enikufunayo?” kubuza uBhungane.

“Yebo, Bhungane, ngifuna indlu yami. Ngabe uke wayibona, kodwa?” kubuza uFudu.

tortoise-finds-his-home_interior.indd 14 2020/09/08 16:24

UBhungane wathi, “Cha, angiyibonanga, kodwa ngizonisiza ukuyifuna!”

Wagibela emhlane kaFudu wase ehamba noMnenke noNdlunkulu kanye noBhungane behleli emhlane wakhe.

Bafuna, bafuna futhi, kodwa yayingabonakali ndawo indlu. Kwaqala ukuheleza komoya.

Emva kwesikhashana bedlula uGundane. Wayenza umqhele wezimbali zamadeyizi.

“Ngabe kukhona enikufunayo?” kubuza uGundane.

“Yebo, Gundane ngifuna indlu yami. Ngabe uke wayibona yini?” kubuza uFudu.



UGundane wathi, “Cha, angikaze ngiyibone, kodwa ngizonisiza ukuyifuna!”



Wagibela emhlane kaFudu.

UFudu waqhubeka nohambo, noMnenke noNdlunkulu noBhungane noGundane behleli emhlane wakhe.



Bafuna, bafuna, kodwa lutho ukubonakala indlu. Umoya washanela amahlamvu phansi andiza azungeza izinyawo zikaFudu.



tortoise-finds-his-home_interior.indd 21 2020/09/08 16:24

Wakhathala uFudu. “Niyasinda bakwethu,” kukhala yena.

Umoya waba namandla. Isibhakabhaka saba mnyama.

“Kazi iphi indlu yami?” kubuza uFudu.

Kwavungama ukuduma emagqumeni. Kwathi phazi umbani kude. Co-co, kwehla imvula.

“Kazi ikuphi indlu kaFudu?” kubuza uMnenke noNdlunkulu noFudu noGundane.

Umoya wazungeza wase uphephula izinto. Waphephula uMnenke noNdlunkulu noBhungane noGundane bawa emhlane kaFudu.





Kwase kwehla isichotho, hwa-hwa-hwa.
UFudu wethuka kakhulu wagoqana
wangena egobolondweni lakhe.
Kufudumele futhi kuthokomele lapha.

“Mameshane, nansi indlu yami!”
kusho yena.

tortoise-finds-his-home_interior.indd 27 2020/09/08 16:24

